# UMZUMBE MUNICIPALITY
# UMASIPALA WASEMZUMBE

c/o P.O. Box 561
HIBBERDENE
4220

Tel: c/o 039 972 0005
Fax: c/o 039 972 0099
E-mail: sabelo@umzumbe.gov.za

## COMMUNICATIONS, MAYORALTY, & YOUTH DEVELOPMENT

---

## MAYORAL ADJUSTMENT BUDGET SPEECH 2020/2021

Madam Speaker,

Members of the Executive Committee,

All Councilor's present,

Municipal Manager and Directors

Officials present,

All protocol is observed,

Ngiyanibingelela nonke

Somlomo ngemvume yakho ngifisa ukwethula nalu uhlahlomali lwamaphakathi nonyaka nalapho sisuka sibheka khona ukuthi umasipala usuhambe ibanga elingakanani kulonyaka mali ka 2020/2021. Ngiyafisa ukusho ukuthi loluhlahlomali lwe adjustment olokugcina kule term ka 2016. Iqembu likaKhongolose okuyilona elilawula umkhandlu waseMzumbe likubeka kucace ukuthi izimpilo zabantu baseMzumbe yizona ezihamba phambili. Okubunhlungu kule term kube yinto ye COVID 19 ebe nomthelela omubi emnothweni wezwe nokuphazamisa kakhulu imali enikezwa izinhlaka zikahulumeni. Nathi njengomzumbe sincike kakhulu emalini evela kuhulumeni kazwelonke ukuze siqhube umsebenzi esiwunikezwe abantu baseMzumbe. Angisho ukuthi inselelo ebangwa ububi bemigaqo yethu iyakhathaza kakhulu ngoba cishe wonke umasipala abantu bakhala ngemigaqo yethu enzima ukuhamba kuyo. Angisho ukuthi eminye yaleyomigaqo akusiyo ekamasipala kodwa abantu kumele bakhale kithi. Kuyefana nendaba yamanzi. Umasipala Ugu yiwona obhekene namanzi kodwa abantu kumele bakhale kithi. Ngakho makhansela umsebenzi awumncane futhi uyaqhubeka nangemuva kokhetho.

Somlomo ngokulawula komthetho i-Municipal Finance Management Act isigaba sa 72 siyalela uMunicipal Manager ukuthi akushaye umhlaka 25 kuJanuary minyaka yonke  esebheke konke okuthinta ukusebenza

kwezimali kwisigaba sokuqala sonyakamali, aphinde abheke ukuthi umsebenzi othinta intuthuko uyahambisana yini nokusebenza kwezimali.

Emasontweni amabili edlule ngamenywa emhlanganweni we budget steering committee eyayihlelwe uMunicipal Manager uNdosi nalapho sasihamba sibheka konke okuthintekile ekusebenzeni kwezimali , siphinde sihlengahlengise nalapho kunesidingo khona. Kuyavela makhansela ukuthi amaprojethi amaningi aphazamisekile yindaba ye corona , ikakhulu uma ubheka iminyango efana noSpecial Programmes, Public Participation and Youth Section. Nakwa Technical and LED okuyiminyango eseqhulwini ekuhambiseni intuthuko nakhona siphazamiseke kakhulu. Ezinye izinto ezivelayo sithinta ukuphepha kwabasebenzi la ngaphakathi nakhona esavumelana ukuthi kumele sibhekwe ngokushesha. Nendaba yamaprojethi asethathe isikhathi eside nayo kumele njengamakhansela adlala i-oversite siyibheke. Osonkontilaka abenza umsebenzi ongagculisi kumele sibaqaphe ngeso lokhozi kanti nabasebenzi bethu okumele balandele ukuthi osonkontilaka bayawenza yini umsebenzi sibabheke, baphendule uma kukhona la singagculisekile khona ngoba imiphakathi ibuza kithi. Indaba yeTechnology nayo iyavela ngoba iCOVID 19 iyaphoqa ukuthi asisebenzise ukuxhakaxhaka ukwenza eminye yemisebenzi. Lokho kuphoqa ukuthi umasipala kumele uzimbandakanye nezinto ezinthinta itechnology. Yilezinto nje Somlomo engabuya nazo kulowomhlangano ngakho ngivumele ngithi qaphu qaphu amazwibela ochibiyelo ngoba imininingwane yonke ikhona kwi copy ethunyelelwe amakhansela wonke.

Imali yebhajethi igcine ikhuphuke ngo R88 million ukusuka kwibhajethi eyayiphasiswe yilomkhandlu ekuqaleni konyakamali . Lokho kwenze inani emva kokuhlengahlengisa laya ku R420 million. Lokho kukhula kwenani kungahlanganiswa nokukhula kwenani lemali yamagranti kakhulu ewu R42 million kanye nemali eyongiwa umasipala ewu R55 million rand.

Emva kokuhlengahlengisa imali yokubhekelela ukusebenza kukamasipala (operational budget) ibe u R245 million kanti eyokwenza imisebenzi yentuthuko ibe wu R175 million. Izinto ezenze kukhuphuke imali yokusebenza kukamasipala singabala ukulungiswa kwezinto zokusebenza, amaprojethi akwa LED, Social and Community Services kanye nokunye okuchaziwe kwi item ethunyelelwe amakhansela. Kweyokwenza intuthuko singabala eyokwenza imigaqo, izakhiwo ezahlukene ezenziwa umasipala, ukuthenga imishini kanye nezimoto.

Somlomo bengithi qaphu nje umbiko wonke ukhona kwi agenda ethunyelelwe amakhansela bese ngicela ngemvume yakho ukwethula lombiko we bhajethi ehlengahlengisiwe ukuze amakhansela awuhlole, aphawule bese eyawuphasisa njengombiko osemthethweni.

Ngiyabonga.

**HONORABLE COUNCILOR MS. M.P.L. ZUNGU**

**MAYOR**

**UMZUMBE MUNICIPALITY**